# I-OECD, ABAKWA-SARS KANYE NOMGCINIMAFA KAZWELONKE BAYAQHUBEKA NOBUDLELWANO BOKUQINISA UKUBAMBISANA KWEZENTELO

**Pretoria, 11 Masingana 2019 –** Namuhla, iNhlangano yokuBambisana kwezoMnotho neNtuthuko i-Organisation for Economic Cooperation and Developement (OECD), uPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) kanye noMgcinimafa kaZwelonke (uMgcinimafa kaZwelonke) basayinde iSivumelwano sokuSebenzisana (MoC), bevuma ukuqhubeka nokusebenzisana ezindabeni zokuthelisa. I-MoC izosebenza kuze kube uZibandlela wonyaka wezi-2023.

Lezi zinhlaka ezintathu zinomlando wokusebenzisana kanti i-MoC ihlinzeka ngokuqhubeka kwalokhu kusebenzisana ukuze kufinyelwe ezimpokophelweni ezifanayo zokugqugquzela izinhlelo zentelo ezinobulungiswa nezisebenza ngempumelelo kanjalo nokwenganyelwa, ukuqinisa nokuthuthukisa izindawo zokuthelisa emazweni omhlaba ngokwabelana ngesipiliyoni phakathi kwabakwa-SARS, uMgcinimafa kaZwelonke kanye namazwe angamalungu e-OECD.

I-MoC yasayindwa e-Pretoria, eNingizimu Afrika, uMnu Ben Dickinson, iNhloko ye-OECD Global Relations and Development Division e-Centre for Tax Policy and Administration, uMnu. Mark Kingon, iBamba likaKhomishana wakwa-SARS, kanye no-Stadi Mngomezulu, iBamba likaMqondisi-Jikelele kuMgcinimafa kaZwelonke (esayinda egameni likaDondo Mogajane, uMqondisi-Jikelele uMgcinimafa kaZwelonke).

Ngesikhathi somcimbi wokusayindwa uBen Dickinson uthe: "Ngiyajabula ukuthi siqinisa ubudlelwano bethu nabakwa-SARS kanye noMgcinimafa kaZwelonke. Ndawonye sibe nemicimbi yokuqeqesha ebe yimpumelelo njengengxenye yezinhlelo zobudlelwano ezweni i-Global Relations Programmes eminyakeni eyedlule kanti futhi ngikulinde ngamehlo abomvu ukukhulisa ukusebenzisana kwethu ekufundeni okuhlanganisile kanye nokufunda nge-inthanethi i- e-learning ngonyaka wezi-2019.

“Kungenxa yemisebenzi yokubambisana efana nalena esingene kuyo ne-OECD esingathuthukisa ngayo imizamo yethu yokuqoqa intela futhi siqinise intando yeningi yethu,” kusho uDondo Mogajane, uMqondisi-Jikelele kuMgcinimafa kaZwelonke.

UMark Kingon uphawule ngokuthi ukubambisana kwe-OECD–South African ezindabeni zeNqubomgomo nokweNganyelwa kweNtelo kule minyaka eyedlule kube wusizo kakhulu kubo bonke ababandakanyekayo.

“Ukwengeza lokhu ngeminye iminyaka emihlanu kube yinto elula ukuyenza. Ngiyajabula ngokuqhubeka kobudlelwano obuhleliwe i-MoC ne-OECD abazokuhlinzeka abakwa-SARS, ikakhulukazi ekugxileni endleleni ethinta konke okuthinta uhulumeni ekwenganyelweni kwentelo, kanjalo nokucija amakhono abasebenzi bethu ekutheliseni kwamazwe omhlaba”.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uvakashele:

- OECD: www.oecd.org/tax
- National Treasury: www.treasury.gov.za
- SARS: www.sars.gov.za



*UMgcinimafa kaZwelonke, abakwa-SARS kanye ne-OECD namuhla basayinde iSivumelwano sokuSebenzisana (MoC), bevuma ukuqhubeka nokusebenzisana ezindabeni zokuthelisa. I-MoC izosebenza kuze kube uZibandlela wonyaka wezi-2023. Abasayinda i-MoC enhlokohhovisi yakwa-SARS e-Pretoria yilaba, kusukela ngakwesobunxele, uStadi Mngomezulu, iBamba loMqondisi-Jikelele loMgcinimafa kaZwelonke (esayinda egameni likaDondo Mogajane, uMqondisi-Jikelele woMgcinimafa kaZwelonke); uMark Kingon, iBamba likaKhomishana wakwa-SARS kanye noBen Dickinson, iNhloko ye-OECD Global Relations and Development Division e-Centre for Tax Policy and Administration.*